58/25/39-42

(In uKulumetule pp. 116-119.)

3.10.21

(ka Ngwane ka Jamela ka Ngwabini, ka Bengu ka Dhlabazane ka Luaibaluku ka Sogolola (= Ntshongweni Doto))

abantabakaNkungu ka Mepo.

(Left-handed son not allow to reign)

Inkosana kwa ku uNdhlokolo ka Nkungu, uHlangabeza e ngu mnta ka Nkungu ka Nkungu, e nga gondene no bukosi. Bati uba ba kule, e nga seku' uyise, e bulewe u Dingana, ~~ba se b~~ ba se bet' o Faku ka Mepo, owaye ba patele be se zingane, e ngu yise kazi, kanye no Mayeza ka Mqwelela, kanye na o Lunwa, kanye na o Jali aba zalwa inkosi e si pambili. Bati, lapa o Mambeda ka Mepo, na many 'amadod' o Ffu zalwa, bati "tina, ba kwa' Mepo, siti nans' inkosi ~~ka u Ndhlokolo~~ yetu tina ma Ngcolosi, u Ndhlokolo.

A pika la madoda, a lotshwe kugala, o Faku, no Mayeza, na olinwa, na o Jali, bati "Tina, si nge buswe inxele. Inxele li ba itshinga, lon' umuzi. A si yi fun' inkosi e pat' isihlangu nga les' isandhla so kudhla, tina sibe si pete nga lesi sonke (so bunxele).

Kwa ~~pi~~ yilabaza ba pika, kwazi lapaza ba pika. Kwenzenjalonjalo ke, aba ka bus' abantwana, ku sa bus' u Faku, loku bake lap' emngeni kusi kwa Ntokangwa, bonk' ama Ngcolosi. U se suk' u Faku o petezo, u se suk' e ye o Tukela, kwa Ntunjambili, emanzaleti ~~(umlo)~~ (~~ow~~ a ngen' o Tukela). U se hamba nefa lonke le zinkomo zi ka Nkungu, kanye na e' uHlangabeza, a bekazo, kanye ne sezwe a se tand' uHlangabeza

See n. on this name - rather only in ukumbu... a p. 42.

se ku sal'isizwe emngeni, si sala no Ndhlokolo, e si tand' u Ndhlokolo. Kodwa e sininji sa hamba no Jaku, sa tshona o Tukela. Kwa se ku kul' umbango, so ku mangalwa ku Somseu. u Somseu u se li teta ke lelo cala, se be pelele bonke, na ba semngeni, na ba so Tugela. u Somseu u sezwa lamagama e kade ngi wa landa. U se beka yen' u Ndhlokolo, u peti inxele kodwa, i yona nkosi yenu, ngoku bekwa kwa onina. Sekutiwa ka zi kip' izinkom' u Jaku, li ya ku Ndhlokol' ifa li ka Nkungu. Be bang' umuzi ka Nkungu, i kanda ku se Sinyameni. Ba bang' isiNyama nje. [Za buyak' izinkomo zeza ku Ndhlokolo, inxele. Nami izinkomo lezo nga zi bona ngi sak' o Zwatini, keti kwa Nyuswa, [ya i nga kalewi neze e ya kwa Langalibalele mina nga se ngalus' umpela lapo, ngalus' amatole, ngi inggwel' enkulu]. Izinkomo za Dhlula kwa lal' ulshani, se zi ya ka Ndhlokol' emngeni.

umuzi ka Nkungu omkulu, kwa ku se eSinyameni, kwabo ka Ndhlokolo. eHlangabeza lo, wa lotsholwa nge zinkomo za kwabo ka Jaku. Ngoba u beta um' e fikile emzini ka Jaku u Nkungu, a fik' a lal' e lawini. Yai sit' inkosi WI! Ba madoda, a ku tatw' izinkomo, u ganwe umfazi kona

lap'ekaya. Ubenendhla yako, se kuti uma u hlwelwe u lale kona, u ng'ad' u lal' ezilawini". Sala ke lowo mfazi wa lotsholwa ngezinkomo za kwabo ka Zaku. Lo mfazi ke, wa zal' uHlangabeza. Icala, uHlangabeza, li m lahla nga loku. Liti uma wa u intombazana, izinkomo zako, za zi yodhlwa o Zaku, e buyisa lezi zinkomo za kwabo, e za lobol' uNyoko. uSomsewu uti Wena Zaku, u bek' uHlangabeza ngob' e ifa lako, ngoba unina wa lotsholwa ngezinkomo za kwen' e Ngwavuma (umuzi wa kwabo ka Zaku). Pott wenzangani ukuti ma yodhl' ifa lase Singameni, kwabo ka Ndhlokolo na? Ka u mbeki ngo mteto, umbeka ngo kumtanda nje. Ngi ya m lahla ke e caleni lefa.

uHlangabeza u se busa ngabantu a ba m tandayo, ba m beka. Usak' umuzi wake, u seti ku se Mandhleni, ngob' e zakele ngamandhla, e nga sa wakile ngefa li ka Nkungu. A ku bonakali ukuti icala la m lahla, ngob' u peti isizwe esikulu. Nezwe ake ku lona, u buyela ku lona nje, izwe la kubo lo ku dabuka — e Manzalati, kwa Ntenjambili. Lamakosi onke a kwa Ngcolosi i lap' e kona amatenwa abo. Ujise yidwa, u Nkungu, o se Mkumbane, itumo, ngoba

42 wa bolawa uDingana, e ngenze luto no luncane. Izinsolo kodwa-ke, kwa kutshwa u zokweqa, ay'emaBunwini emlazi.

Ukuba uSomseu, na maNgisi, ba bengoko, ku sa buswa ngo kwa Sendulo, kwa kuyo bus' uHlangabeza ngalo lelozwi lobunxele — ngoba kutiwa i nxele ka li wu bus'umuzi.

see p. 39 Kutiwa "uSongololo, ngabe sa kudhla; Sā kwesaba, ngoba si bon' u nemtenzetenze.

~~ke~~ Lonk' uzalo lwa oMepo ka Ngwane ka Jamula, lwa kwa Ngcolosi, lwā buyela nga ku Hlangabeza, lwa sab' ~~isand~~ inxele. Ozalweni, nga ku (ie on this side) Ndhlokolo, kwa ~~et~~ ba uMambedu (indoda, umntanenkosi), kwa se kuba uZitoya ka Mepo.

This "left-hand" disqualification is found operating in Swaziland, see my old large Nbk No. 3, pp. 125. 126. Now, Ngcolosi people are descended from the Swazis, as their ancestors names show clearly — Hence, the disqualification in the above story is probably derived from Swaziland.

(for continuation by Socwatsha see next - grey - nbk)

3.10.21